


AMATANKA AMANZI AVUZAYO

 Asikhulekeni. Nkosi, khathesi siyakholwa. Siyakholwa kuNdodana kaNkulunkulu, futhi, ngalokhu, siyamukela iMpilo elaPhakade Ngaye. Manje sesibuthene futhi, limini, kumbe lintambama, okwenye inkonzo njalo, sikuthemba Wena ngoMbiko futhi ngalokho Wena ozasitshela khona lobubusuku. Siyakukholwa Wena, Nkosi, njalo silinde Kuwe. Futhi Wena wathi, “Labo abalinda eNkosini bazavuselela amandla abo; bazakwenyuka ngempiko njengengqungqu.” Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzasinika aMandla okwenyuka phezulu, lobubusuku, lapho silinda Kuwe.

² Siyakubonga Wena ngalababantu, futhi ukuthi batshoni Kuwe njalo batshoni lakimi. Ngiyakubonga Wena ngakho, Baba. Bangamagugu Akho. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lobubusuku, ukuthi Uzitshengise Wena endleleni, kibo, kulokho abakudingayo. Nxa ekhona ogulayo lapha, makaphiliswe. Nxa kulokuthandabuza engqondweni yomunye, kususe, Nkosi. Futhi sinikeze okoBukho Bakho njalo lezibusiso Zakho, ngoba siyazidinga, Nkosi. Wena uyisaneliso sakhonke. Futhi, singeLawe, asingeke senze lutho.

³ Siyakhuleka ukuthi Uzakwamukela ukubonga kwethu ngalokho konke Okwenzileyo. EBizweni likaJesu Khristu sikhangelele izibusiso Zakho. Amen.

Lingahlala phansi.

⁴ Futhi, yebo, kuya—yaqandelela lobubusuku beSonto, phakathi lapha, ukudlula iSonto edlulileyo ebusuku. Silokubonga okukhulu kubafowethu abasebenze bethembekile ekungeniseni lokhu. Ngiyazi ababili kumbe abathathu babo. UMfowethu Mike Egan, njengokuba ngimbona emuva le, njalo mina . . . UMfowethu Mike, uMfowethu Sothmann, uMfowethu (ngiyakholwa) Roy Roberson, njalo uMfowethu Wood, futhi labo bonke, bebelapha beginqa ngakho, bezama ukungenisa ukuze sibeloMbiko lo khathesi, kumbe lamuhla. Ngakho, siyabonga.

⁵ Manje, iSonto ezayo ekuseni, iNkosi ivuma, ngifuna ukuba lenkonzo yokuphiliswa imithandazo yabagulayo. Futhi sizayibeka ukuthi ibeyinkonzo yokusiliswa, nxa iNkosi ivuma.

⁶ Nginanzelele, likuseni, kulenqumbi yamahlenki lapha. Ngiwakhulekele. Futhi mina, lapho likhuleka njalo lihlabela, ngiwakhulekele amahlenki; futhi njalo kulamanengi lapha lobubusuku. Ngakho, siya—siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasilisa abagulayo. Ubufakazi obukhulu obunengi bokusiliswa phakathi kwethu, futhi emhlabeni jikelele, futhi siyabonga ngakho lokhu.

⁷ Futhi bengicabanga, iSonto ezayo, kuyikuba mina kumele ngingabikhona okwesikhatshana, futhi besiphatha okunengi ukufundisa nje njalo loMbiko, lo ebengicabanga ukuthi kuyinto enhle nxa singaba le—lenkonzo yokusiliswa, sikhulukele abagulayo. Futhi siyathemba ukuthi uNkulunkulu uzasinikeza isikhathi esikhulu.

⁸ Manje, inengi lenu kumele litshayele umango omude lobubusuku. Ngakho bengikhuluma lamaxuku ngale e—eBlue Boar Cafeteria, lamuhla, lapho engangilokudla kwantambama. Abantu abanengi abalungileyo, ngibaxhawulile izandla futhi ngikhulume labo, abantu engingazake ngihlangane labo, labo ababuya lapha ebandleni. Futhi ngiyabonga abangane abanje, futhi ngifuna ukubonga munye ngamunye wenu. Abanye benu badobhe amablackberry, futhi basilethela. Njalo omunye usiphathele ibhakede lesiraphu, kumbe amamolasi, ngiyakholwa kwakuyiwo, futhi—futhi njalo izinto. Alikwazi ukuthi lokho kutshoni. Futhi ekuseni, ngiyabuya futhi ngiphume endlini, kwesinye isikhathi kule. . .

⁹ Enye ikuseni kwakulo munye umfowethu le owayesesimweni esibi kakhulu, engelampahla njalo lezinto, efuna ngihambe ngimtholele impahla. Ngaqala ukuphuma, futhi ngaphosa ngakhubeka phezu kwebhakede lama blackberry lihleli lapho. Ngathi, “Ubuye lamablackberry lawa?”

¹⁰ Futhi yena wathi, “Hatshi, angizange ngibe lokokwenza lakho. Ngibe lapha ilanga lingakaphumi, futhi abesehleli lapha khonake.” Futhi kwaku nguMfowethu Ruddell omuhle wangiphathela. Futhi, ngakho, lezozinto ngiyazithakazelela ngempela.

¹¹ UBilly Paul ungitshela manje, imizuzwana edluleyo, ukuthi phakathi kwalelibandla lobubusuku, bathatha umnikelo, lokho bethathela mina. Ngi—ngiyalibonga ngalokho. Bengingafuni ukuthi likwenze lokho. Ngi—ngiyabonga imizamo yenu, njalo lokunjalo, kodwa kade kungadingakali lokho. Futhi, kodwa, iNkosi ilibusise. Liyazi, liyazi, iBhayibhili lathi, “Njengokuba likwenze kulaba abancane, likwenze kiMina.”

¹² Manje, bengingathi ngikhuluma kini, ngoMbiko, ngokuqondileyo impela. Futhi ngi. . . Abanye abantu bengabe bekuthatha sengathi ukuthi—ukuthi ngicabanga ukuthi uJesu uzabuya ekuseni kumbe kulobubusuku. Ngicabanga njalo. Manje, angitsho ukuthi uzakwenza Yena. Futhi, njalo, Engangabuyi ngeviki ezayo, futhi kungaba ngumnyaka ozayo, kungaba yimnyaka elitshumi. Angazi ukuthi Ubuya nini. Kodwa, kulento eyodwa engifuna. . . izikhathi zonke lihlale liyazi engqondweni, lilungisele umzuzu wonke kumbe ihola. Bona? Lokho, nxa Engabuyi lamuhla, Engabe elapha kusasa. Ngakho gcinani lokho engqondweni zenu, ukuthi Uyabuya.

¹³ Futhi angikwazi ukuthi ngasikhathi bani okuzaba liholala lami lokucina kulumhlaba, ngitsho lomunye wethu. Futhi akula lomunye wethu okwaziyo ukuthi Uyabuya nini. Laye akakwazi ngitsho, Yena, ngaMazwi Akhe Ngokwakhe; Wathi, “UBaba, kuphela, uyakwazi lapho Azabuya khona; ngitsho leNdodana ayikwazi lapho Azabuya khona.” Kulapho uNkulunkulu nxa Emthumela kithi futhi. Kodwa sikhangelelele ukuBuya Kwakhe. Futhi nxa engasoze Abuye kusizukulwane sami, Engabuya kwesilandelayo; nxa Engasoze abuye kusonaleso, Uzabuya kwesilandelayo. Kodwa, ngokwami, angiboni kulesikhathi esiseleyo. Mina nje...Kimi, kungenzakala loba yisiphi isikhathi. Manje, lokho akutsho...Lokho akutsho, khathesi, ukuthi uzabona amazulu eguquka njalo onke...Akusikho ukuBuya engikhuluma ngakho. Ngikhuluma ngokuHlwithwa.

¹⁴ Bona, Uyenza ukuBuya okuthathu. Ubuya ngamabizo amathathu endodana. Ubuya ngobuthathu: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Bona, konke lokhu kunguKhristu ofanayo, kunguNkulunkulu ofanayo, isikhathi sonke. Manje, siyazi ukuthi ubuya ukuzoletha imisebenzi emithathu yomusa: ukulungisiswa, ukuhlanjululwa, ubhaphathizo loMoya oNgcwele. Konke, kuNkulunkulu, kupheleliswa ngobuthathu.

¹⁵ Futhi ngakho Yena wabuya, okokuqala, ukuzohlenga uMlobokazi Wakhe. Uyabuya, okwesibili, njengokuHlwithwa, ukuzothatha uMlobokazi Wakhe. Uyabuya, okwesithathu, eloMlobokazi Wakhe, iNkosi leNkosikazi; emva, yikho lapho abantu abanengi abalindele ukuBuya.

Kodwa nxa ebuya lesi isikhathi, akula ngitsho kodwa labo abalungeleyo bazakwazi nxa Ebuya. Kuzakuba lokuswelakala kwabantu. Abasoze babekwazi ukuthi kwenzakaleni kubo. Bazahlwithwa, ngomzuzwana, futhi bazatholakala beswelakele. “Beguqulwe ngesikhathshana, ekucwayizweni kwelihlo.” Ngakho lungiselelani lokho. Kuzabe kukubi ngenye ikuseni ukuswela othandekayo, akula ongabathola. Akusoze kube kubi ukwazi ukuthi sekwedlule njalo wakukhutha? Ngakho hlala uphambi kukaNkulunkulu.

¹⁶ Manje, iviki elandelayo, iNkosi ivuma, uMvulo ozayo, kusukela kuviki esukela kuloMvulo, nxa uNkulunkulu evuma, ngiyathatha imuli iphindele eArizona lapho abaya khona esikolo, ngakho ngi—ngiyaphenduka.

¹⁷ Manje, angiyi phandle le...angila nkonzo yokuya phandle le. Angivamanga ukuba seArizona. Ngihambile kwenye indawo. Ngiyathatha umkami phandle le, uMvulo ozayo. Ngiyaphenduka lapha njalo. Ngizasuka ngisiya eBritish Columbia. Ngiphenduke eColorado. Ngizabe ngiseArizona njalo ngesikhathi sokusondele iKhisimusi, imizuzu embalwa nje, okwesikhathi eseneleyo... mhlawumbe amalanga amabili kumbe amathathu, ngibuthanise imuli ndawonye, ngiphenduke lapha ngekhofu leKhisimusi,

iNkosi nxa ivuma, ngibe lenkonzo ngeviki yomnyaka omutsha lapha.

¹⁸ Ngakho ke ngilapha, okubalapha, ikakhulu. Ngilapha okwesikhathi esiphindwe okulitshumi ukwedlula phandle le, ngoba asila bandla kumbe inkonzo phandle le, akulalutho esilalo phandle le, ngakho, ngendlela yenkonzo. Lokho yinto nye embi ngakho. Angilandawo yokuthumela abantwana abazakuzwa luMbiko, njengabantwana benu bewuzwa lapha, futhi—futhi ngakho yibo ububi esilabo. Kodwa bonke baphilile. Komile, kuyatshisa, umkhathi owomileyo, kodwa abantwana bonke bakhanya bephilile ngcono. Angikho khonabe okwesikhathi eside okweneleyo ukwazi ukuba kulempilakahle kumbe akulampilakahle. Ngi, ngihlezi ngihamba, futhi ngi—ngi—ngi ngiyacabangela ukuthi ngazalwa ngiyisihambi.

¹⁹ Umkami ungibiza...ngiyazi ukhona la, ngakho ngizakuthola lokhu emva kwenkonzo, lonke liyazi. Kubizwa ngokuthini lokho, imimoya eguqukayo, kumbe imimoya engathuliyo, kumbe loba yini—loba yini, uyazi, itshebetshebe eliphetsulwayo? Kumbe, ngihlezi ngingohambayo, ngezinye indlela. Futhi ngitshadile manje, iminyaka engamatshumi amabili lambili, futhi mina, ngezinye izikhathi, ngicabanga ukuthi ngingumfokazi endlini, ngoba kumele ngibe ngihamba.

Kodwa ngikhangelele isikhathi lapho esizahlaliseka eKhaya ngolunye usuku. Kodwa khathesi impi isasekhona, ngakho asibeni emkhulekweni.

²⁰ Lingakhohlwa, iSonto ezayo ekuseni, iNkosi nxa ivuma, lilethe abagulayo labahluphekayo benu. Liphangise ukubuya, uthole indawo yakho, futhi mhlawumbe kulexuku elimele likhulekelwe. Sizanikeza amakhadi omkhuleko. Nxa engeneli, asisoze sinikeze amakhadi omkhuleko, aneleyo nje okwenza umzila njengamadazeni amabili kumbe amathathu, kumbe okunye. Kodwa mhlawumbe si—siza nikeza amakhadi omkhuleko, ngakho mhlawumbe sizakwenza ngehola ngaphambilini kwenkonzo ejwayelekileyo, engicabanga ukuthi kuthatha...Kuzabe kuyisificaminwembili, isificaminwembili kumbe isificaminwembili-lengxenywe, bazanikeza amakhadi omkhuleko; bevule ibandla, benikeze amakhadi omkhuleko iSonto ezayo ekuseni. Futhi ngakho liqiniseke ukuba lapha lilande...Lilethe abathandekayo benu, libabeke phakathi lapho. Kuzabe kukuhle njalo kuqandelela ebandleni, nxa begula, futhi sizakwenza konke ukubakhulekela.

²¹ Ngiyabonga, njalo, ngomnikelo wothando.

²² Futhi khathesi sizafunda iLizwi likaNkulunkulu, lobubusuku, futhi njalo lungiselelani isenzakalo sobuKho Bakhe njalo ukusilethela iLizwi Lakhe. Manje, singafunda okulotshiweyo, kodwa uNkulunkulu kumele ambule umongo. Bona? Singathatha okulotshiweyo, kodwa uNkulunkulu kumele

ambule umongo. Futhi lapho lisavula eNcwadini kaJeremiya, isahluko 2 . . .

²³ Ngifuna ukuthi ngithi ngiyathokoza ukuba, kanye lathi, uMfowethu Lee Vayle, umzalwane oligugu eNkosini. Futhi ngicabanga lapha, umzalwane lapha, angikwanisi ukucabanga ibizo lakhe, uMfowethu Willard Crase. Futhi ngibonile abazalwane abavela eArkansas, uMfowethu John futhi labo, abavela endaweni zePoplar Bluff, futhi uMfowethu Blair. Futhi, o, uMfowethu Jackson, futhi loMfowethu uRuddell, futhi labanengi labo e—engingeke nje. . . Ngifisa ngingabiza ibizo lawonke umuntu, kodwa angenelisi nje ukukwenza, futhi liyazwisisa. Mfowethu Ben Bryant, ngiyambona ehleli lapha; ujwayele ukuba lijiko lami lama ameni lapho ngi . . . Wonke umuntu uyazi uBen ngephimbo lakhe. Uh-huh.

²⁴ Thina, sihlezi eCalifornia ngesinye isikhathi, ngangitshumayela uMbiko ebantwini beBaptist phezulu esigodini. Babeletende elikhulu lapho, futhi lenengi kungathi ngamaBaptist ayizicukuthwane. Ngangingezwa u “ameni” loba ngaphi; uyazi, ngisesaba ukuthi abanye omama bazasubula ipenda ebusweni babo. Futhi njalo, into yakuqala uyazi, ngabona inyawo ezimbili njengalokhu, zisiya phezulu emoyeni, futhi lezandla ezinkulu ezimbili, futhi inwele ezimnyama zinyakazela lapho, eklabalala kanjalo, “Ameni,” ememezela kanjalo. Futhi ngakhangele khona, ngathi, “Ben, uvele ngaphi?” wayethola ngempela u “ameni.”

²⁵ Ngiyabona umkakhe emkhangelisisa, kancane. Awu, use lahlekelwa kancane yilezo nwele ezimnyama, kodwa lokho kulungile, uyazi. Ungakhathazeki ngakho. Ngenza njalo, ezami, isikhathi eside esedlulayo.

Ngakho, khathesi, lingakhohlwa ukukhuleka.

²⁶ Manje lapho singena kucele elihloniphekayo lenkonzo, khumbula, nxa singabala leliLizwi, ngakho uNkulunkulu uzabusisa iLizwi Lakhe. “Kalisoze liphindele Kuye liyize, kodwa Lizafeza lokho eLikujongileyo.” Futhi ngiyazi, ekufundeni iLizwi, ngizahlala ngiqondile. Nxa ngifunda iLizwi, uNkulunkulu uzalihlonipha iLizwi Lakhe.

²⁷ Manje asisukumeni ekuhlonipheni iLizwi Lakhe. Jeremiya, isahluko 2, kumavesi 12 lo 13 kaJeremiya 2.

Mangalani, O . . . mazulu, ngalokhu, lithuthumele ngokwesaba okukhulu, lichitheke kakhulu, itsho iNkosi.

Ngokuba abantu bami benzile izinto ezimbi ezimbili; bangitshiyile mina umthombo wamanzi aphilayo, futhi bazigebhela imithombo yamanzi, imithombo yamanzi evuzayo, enga . . . engagcini amanzi.

Asikhothamiseni amakhanda ethu khathesi.

²⁸ Nkulunkulu omuhle, iLizwi Lakho selifundiwe. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzahlonipha lelo Lizwi lakho, njalo usinike lobubusuku umfanekiso kumbe okuhambelana Lakho; sikhangelana amalanga adlulayo, uIsrayeli, njengemizekeliso, njengeBhayibhili lisifundisa ukuthi singabona Owabenzela khona lapho behlonipha iLizwi, sibone Owabenza khona lapho bengahloniphi iLizwi, futhi sifunde esingakwenza. Ngakho, siyakhuleka ukuthi Uzakhuluma lathi lobubusuku ngendlela emangalisayo, ukuze sibekwazi ukuziphatha kulolusuku, esifunde likuseni ukuthi siphila kulo. Ngoba siyakucela lokhu eBizweni likaJesu. Amen.

Singahlala phansi.

²⁹ Ngifuna ukukhuluma lobubusuku ngesifundo, okwesikhathi nje e—esifitshane nga: *AMatanka Amanzi Avuzayo*.

³⁰ UIsrayeli wayeyenze into ezimbili ezimbi. UNkulunkulu wathi babesuke Kuye, uMthombo weMpilo, futhi bazenzela amatanka amanzi okunathela kuwo. Manje, lokho ngenye into.

³¹ Isizatho engicabange ngalesisifundo bekungenxa yokuthi bekuzahambisana lalokho ebengikutsho likuseni, okwehola esiphila kulo, futhi iNjongo leyo esiyihluphekelayo.

³² Futhi sikhangelana uIsrayeli njengomzekeliso, ukuthi, lokho uNkulunkulu ayeyikho, Uhlezi efanele ukuba ngokufanayo. Futhi kulento eyodwa uNkulunkulu ahlezi eyihlonipha, lokho kwakuyi, indlela Yakhe Yena ayenakekela abantu. Futhi lapho bephuma endleleni leyo, ngakhoke uNkulunkulu wayengasahlonipheki, futhi uNkulunkulu wenza abantu bahlupheka ngenxa yokuya kude lalokho Ayebatshele khona ukuthi bakwenze, kungelani ukuthi kwakuyini.

Wabanikeza lomthetho, “Ungabambi, ungaphathi, unganambithi.” Kungesibubi nje bokwenza, kodwa ububi bokungalaleli lokho Athe kwenziwe. Futhi izikhathi zonke kuhlezi kungeke kwaba lomthetho ongela sijezi somthetho. Ngoba, nxa kungela sijezi, ngakhoke, umthetho awusilutho kangako ngaphandle kube lesigwebo. Umthetho!

³³ Manje, siyafumana, abakwenzayo ngalolosuku kukhanya kuhambisana lalokho esikwenzayo lamuhla, lokho okwenziwa ngabantu besonto.

³⁴ Manje sibona into engajwayelekanga lapha. Kungabe kungajwayelekanga kwabanye abantu, lapho Yena esithi, “Lina, bona, bazakhele amatanka, amatanka avuzayo.” Manje, mhlawumbe abanye benu alikwazi ukuthi itanka lamanzi kuyini. Bangaki abakwaziyo ukuthi itanka lamanzi kuyini? Awu, inengi lenu. Nxa wakhuliswa epulazini, uyakwazi ukuthi itanka lamanzi kuyini. Ngiyakhumbula senganatha izinanakazane ezinengi kwelinye, u—ukwazi ukuthi i—itanka lamanzi kuyini.

Ngatshumayela le emaphandleni lapho, engadini, lapho owawusiba lembiza egcweleyo ngamanzi itanka lamanzi ehleli lapho, engawe—wezulu, uyazi, futhi kwakungathi sekugugile kancane. Futhi—futhi ke izinanakazana, ebusuku, zazingena kuso. Futhi ngakho ngiyakwazi ukuthi amanzi etanka anjani.

³⁵ I—itanka lamanzi yi—yindawo, into egejwe emhlabathini, ukuthatha indawo yomgodi. Lapho abantu abangela mgodi, ngakho bayathola i—itanka lamanzi. Ngamanye amazwi, itanka lamanzi litanka elenziwe ngumuntu, kumbe umgodi owenziwe ngumuntu emhlabathini, umuntu awugebheliyo, ukukhonzela amanzi, uku—ukuwasebenzisa. Abanye babo bawusebenzisa ukuwathsa, njalo abanye amanzi okunatha, njalo lendlela ehlukeneyo, mhlawumbe. Amanzi wonke kwesinye isikhathi, esasijwayele ukuwathola, ayesetankeni lamanzi. Kwakulento endala owawuyiwayinda, ibhoda, ibhoda, ibhoda, ibhoda, ukwenza amanzi abuye phezulu; kulamabhakede amancane kukho, ukukotshoza amanzi aphume etankeni lamanzi.

³⁶ Awu, siyananzelela into nye itanka lamanzi lehlukeni lomgodi. Manje, itanka lamanzi liyaphela. I—i—itanka lamanzi lingeke lizigcwalise ngokwalo. Ali—ali. . . Alithembakalanga. Ungeke uthembe itanka. Kufanele lithembe futhi likhangelele izulu elina ehlobo kumbe ebusika, loba kuyini okuza. . . Ngenjwayelo, ngesikhathi sobusika lapho ungqwoqwane lezulu okuza khona, ngakho kuyagelezisa amanzi esiya etankeni. Futhi nxa lingatholi amanzi, ngakhoke ali—alilamanzi. Konke ku—konke ku. . . kuyoma. Futhi alingeke lizigcwalise lodwa. Itanka elidala lingeke lizigcwalise lodwa. Lithola ukugcwaliswa e—ezulwini elinayo.

³⁷ Futhi ngifuna ukuthi linanzelele olunye ulutho ngetanka. Ngenjwayelo, uyafumana, kumbe ngendlela okwakuyikho khona endaweni yethu, itanka. . . Ngenjwayelo isibaya siyisilinganiso esiphindwe kabili esendlu, futhi bayahambisa amanzi esuka esibayeni, esiya etankeni. Ngiyakhumbula lelotanka elidala kahle phandle le, lapho sasile. . . lapho ama—amaphayiphi okuchitha egeleza kulo, futhi, esuka esibayeni. Kuyagcwaliswa kusukela esibayeni.

Ngakho ke amanzi asuku ephahleni lwesibaya; lapho, zonke inyamazana zinyathela zihamba egumeni lesibaya, futhi konke ukungcola kweguma lesibaya, ngezikhathi komile. Futhike amanzi ayabuya ayigezise iyehle ephahleni, angene kugatha elenzwe ngumuntu, abesisiya empompini eyenziwe ngumuntu, ngakho sesiya etankeni lamanzi elenzwe ngumuntu. Futhi nxa singela mvubemvube yengekeza, angazi ukuthi ulani, nxa uletanka lamanzi. Yebo, mnumzane! Konke kwenziwe ngumuntu, futhi kungcolile ngendlela okungangcola ngayo.

³⁸ Uyazi, sasivame ukubiza. . . Sasilesihluzo sesaka kwelinye. Belikwazi ukuthi lokho kwakuyini? Kwakumele usifake isihluzo

sesaka kulo, ukubamba izinanakazana futhi lezinto ezibuya ngaphezu kwe—kwesibaya, futhi lendawo yonke, futhi kuthela kusuka kwenye indawo kusiya kwenye, kusiya etankeni lamanzi. Futhi lalivame ukufaka i—isihluzo sesaka kulo, ukubamba yonke i—ingcekeza futhi lokunye esasingakubamba. Loba kunjalo, lokho kwakungeke kubambe ingcekeza ngokwayo, kwakubamba ingcekeza enkulu eyayisehla phansi futhi iwela phakathi. Isinanakazana singawela phakathi, kodwa umhluzo wesinanakazana wawuhamba lamanzi. Ngakho, wa—wawulemvubemvube yengcekeza nxa wawuletanka lamanzi elidala elingcolileyo.

³⁹ Ngensuku ezinlutshwana, ungekela amanzi ame lapho, futhi angagelezi. Ungayekela amanzi ame etankeni lamanzi, ayabola. Futhi liyagcwala nga—ngamaxoxo, lempankwa, lezinyoka. Futhi sasivame ukukubiza sithi “oshobishobi,” okuzintwana okuncane... Angazi mhlawumbe... Akusigcikwane, kuyi... Angingeke, angazi ukuthi likubiza lisithini. Kodwa izinto ezincane ziyangena emanzini, lokho—lokho esikubiza oshobishobi. Liyakwazi ukuthi yini. Bangaki abakwazi engikhuluma ngakho? O, ngani, qiniso, lina lonke bantu bemaphandleni liyazi. Ihle igcwale ngokubola, futhi lokhu okuthanda ukubola kuza lakho. Kuyabuya impela, ngoba kubolile. Futhi ngoba kubolile, kuyahuga izinanakazana ezithanda into ezibolileyo.

⁴⁰ Futhi lokho kufana kakhulu lemabandla ethu lamuhla. Ngicabanga ukuthi sitshiye... Esinye sezono ezinkulu esenziwe libandla lamhlanje, njengo Israyeli ngalesosikhathi, baMtshiya, uMthombo waManzi aphilayo, futhi bazigebhela imithombo enziwe ngumuntu. Futhi kubayindawo yokuhlala konke okuthanda amanzi anjalo. Impankwa, amaxoxo, futhi lenhlobo yonke yamajemusi angecolileyo, iphila phakathi kwawo, ngoba litanka elenzwe ngumuntu. Futhi phakathi kwalelitanka into lezi ziyahlala, umzekeliso opheleleyo wenhlanganiso zethu zalamuhlanje.

⁴¹ “Manje,” liyathi, “Mfowethu Branham, kungani udinda abantu labo kanzima?”

Kufanele kutshaywe. Kumele kutshaywe. Kubalekeleni, ngoba kuzacina kudala uphawu lwesilo. Khumbula, lokho liQiniso! Kuzakuba luphawu lwesilo. Inhlanganiso ikhokhelela kukho. Kusendleleni yakho khathesi manje, ukucindezela, ngamandla.

⁴² Khangela embusweni wendulo weRoma. Yikho ngempela okwabakhokhela kuphawu lokuhlubuka. Wathola ukuthi kakulamuntu ongathengisa kumbe athenge engela phawu lwesilo. Kwakufanele abelalo.

⁴³ Kulenhlobo ezimbili zabantu kuphela ezisemhlabeni: labo abaloPhawu lukaNkulunkulu, futhi lalabo abalophawu lwesilo.

Inhlobo ezimbili kuphela, ngakho kuzafanele ube lokunye kumbe okunye. Kuzakuba yikuhlubuka, u—uphawu lwe—lwenkolo, inkolo yokuhlubuka.

⁴⁴ Futhi kuzakuba lomfanekiso wesilo. Lapho sifunda, siyafumana ukuthi iRoma yayi, iyi, futhi izahlala iyi, uphaw- . . . kumbe, isilo. Ngempela. Akula enye indlela yokuthola okunye nje. IRoma!

⁴⁵ Futhi kuyini okwenziwa yiRoma? Yaguqulwa isuka kuRoma yesihedeni isiya kuRoma ephansi kukapapa, futhi yahlela uhlelo, uhlelo lomhlaba wonke jikelele, elancindezela wonke umuntu kuleyonkolo eyodwa kumbe ubulawe.

⁴⁶ Futhi kuyinto emangalisayo ukuthi iUnited States iza ibonakale, futhi injengewundlu. Futhi iwundlu lilempondo ezincane ezimbili, amalungelo ezombangazwe lawezokuthandaza. Futhi ngemva kwesikhatshana, lapho liyiwundlu, siyafumana ukuthi lakhuluma emuva le njengomgobho futhi lasebenzisa wonke amandla umgobho ayelayo emuva. Futhi iBhayibhili liyasitshela ukuthi bathi, “Asenzeni umfanekiso ofana lesilo.” Umfanekiso yinto efana lenye into. Futhi siyakubona manje ukuthi, kumumo waso wokuhlubuka, ibandla liyabumba uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, okungumfanekiso wamandla eRoma; futhi izancindezela ebantwini into efana lokwayenzwa yiRoma yamahedeni . . . kumbe okwayenzwa yiRoma ephansi kukapapa. Ngakho, akula enye indlela, akula enye into. Kodwa lokho liQiniso.

⁴⁷ Futhi yikho ngikutshaya kusizukulwane sami, esikhathini sami, ngoba kumele kutshaywe. Ubizo lwabuya, ukuthi, “Phumani phakathi kwakhe, bantu Bami, ukuze lingabi ngabahlanganyeli bezono zakhe!”

⁴⁸ Manje, ngifanisa lokhu kulawa angeolileyo, kulawa amatanka amanzi angeolileyo. “UnguMthombo wokuPhila. UngaManzi aphilayo.” Futhi umuntu uyatshiya Lokho, wazigebhela amatanka amanzi abamba kuphela ingcekeza. Yiyo kuphela into okungayibamba. Futhi yikho okwenziwa yinhlanganiso; kubamba konke okuzayo futhi kufuna ukuhlanganelana. Bayafuna ukukuthatha nxa kulemali, kumbe ungagqoka ngendlela ethile. Kungelani ukuthi bangobani, lapho abavela khona, bayabathatha, loba kunjalo.

⁴⁹ Manje siyathola, njalo, ukuthi, loluphawu lwesilo lwabunjwa lapha . . . iMelika yinombolo itshumi lantathu. Yazalwa ilamakholoni alitshumi lantathu. Yayile fulegi elenkanyezi ezilitshumi lantathu, imizila elitshumi lantathu. Futhi ivela kuSambulo kusahluko 13. Futhi iMelika ihlezi ingumfazi, kufanekiswa emalini yethu yamasiliva. Ngitsho lenhloko yomIndia, phezu kwepeni, ngumfanekiso wobuso bomfazi. Siyakwazi lokho, siyazi lembali yakho. Yonke into,

iLiberty Bell, futhi lakho konke, inkululeko...isiThombe senNkululeko siyi, yonke into, ngumfazi. Umfazi; inombolo elitshumi lantathu. Bona? Manje, ku—kuhle ukubona lezozinto.

⁵⁰ Futhi manje ngakhuluma phambilini ngesambulo esivela kuNkulunkulu, kumbe umbono ngo1933, ukuthi izinto eziyisikhombisa zizakwenzakala kungakafiki isikhathi sokuphetha. Futhi lokho, okunye kwakhona, ukuthi, “UMussolini, owayesesiba nguntandokayiphikiswa, wayezakuba nguntandokayiphikisa; futhi njalo, wayezahlasela futhi ahambe phansi eEthiopia njalo athathe iEthiopia; futhi loMoya, Wathi, ‘uzakuwa enyaweni zakhe.’”

⁵¹ Ngiyamangala nxa kungaba lomunye wabakudala abasaseleyo kutabhanekeli, khumbula ngisithi eRedmans Hall phansi la lapho sitshumayela, eminengi, nengi iminyaka edlulayo. Ukhona na oyedwa kusakhiwo, lobubusuku, oseleyo kusuka phansi le eRedman Hall lapho engatshumayela lokho, lapho bele N.R.A. phandle, muva ngesikhathi sikaRoosevelt sethemu yakhe yokuqala? Ngiyathemba akula oyedwa phakathi la. Ukhona oyedwa? Ye, ye, oyedwa, kuloyedwa. Yebo, uNkz. Wilson, ngiyamkhumbula. Umkami, ohlezi emuva. Babili abaseleyo, kusukela kusizukulwana sakudala ngalolosuku.

Lokho, lapho besithi li N.R.A. kwakuluphawu lwesilo, ngathi, “Akula okukhona kulokho; ngitsho lakanye. Uphawu lwesilo alubuyi lapha. Lumphuma eRoma. Futhi kungeke kube luphawu lwesilo.”

⁵² Futhi manje khumbula ukuthi izinto lezi zatshiwo. Wathi, “UAdolf Hitler uzafika ekupheleni okungazwisisekiyo. Futhi uzaqala impi leUnited States. Futhi bazakwakha enkulu—e—enkulu into yesamende, ababezahlala ngitsho lakuyo. Futhi lapho amaMelika bazakutshaywa okubi, kulokhu.” Futhi kwakungumzila eSiegfried, iminyaka elitshumi lanye kungaqali ukwakhiwa. Futhike kwathiwa, “Kodwa wayezafika emaphethweni; futhi i States yayizanqoba impi.”

⁵³ Futhike kwathiwa, lokho, “Kulama isms amathathu: isiNazism, isifascism, lesikhomanisi.” Futhi mina ngathi, “Konke kuzaginywa yisikhomanisi. IRussia izakuthatha konke, kusikhomanisi.”

⁵⁴ Futhi ngathi, “Ngakhoke isayensi izakubankulu, umuntu uzakhalipha, kuzekuthi alungise izinto ezinengi aze alungise lemota efana leqanda, ezakuba lophahla engani lifasitela phezu kwayo, futhi izabe itshayelwa ngokunye okungasiso isidirayivo.” Futhi balayo imota.

⁵⁵ Futhi ngathi, “Ngakho ukuziphatha kwabafazi bethu kuzakuwa kuzinto ezonakeleyo, kuze kuthi bazakuba lihlazo kuzizwe zonke. Bazagqoka impahla zamadoda. Bazaqhubeka behlubula impahla zabo beze befike njengokuba lempahla zabo

zangaphakathi, yikho kuphela. Futhi, ekucineni, bazakufika ekugqokeni uhlamvu lomkhiwa.”

Futhi nxa unanzelela, ku*Life* magazine eyenyanga edluleyo, babelomfazi elamahlamvu omkhiwa. Futhi lokho yiso isidwaba, kumbe ingubo, abakugqoka ntambama; kukhanyisela, ungabona phakathi kwakho, kuphela amahlamvu omkhiwa ayafihla indawo ethize yomzimba wakhe; lokungelantambo, kumbe intambo, impahla yokubhukutsha okungelantambo, iphezulu yakhona, iveza umzimba. Futhi ukuba lezozinto zenzakele njani!

⁵⁶ Ngakho ngathi, “Ngabona umfazi emi eUnited States, njengendlovukazi enkulu kumbe okunye. Futhi wayemuhle ukukhangeleka, kodwa emubi enhliziyweni yakhe. Futhi wayenza isizwe sanyathela, sahamba ngonyathelo lwakhe.”

⁵⁷ Ngakho ngathi, “Ekucineni, Wangitshela ukukhangela emuva eMpumalanga njalo. Futhi, sengikwenzile, ngabona, sengathi, njengokuba, umhlaba usudubukile. Futhi ngokubona kwami, kwakungela lutho kodwa izigodwana, futhi—futhi amadwala ethunqa ayedubukile kulo umhlaba.”

Futhi lokhu kwakusenzakala umhlaba ungakapheli. Okuhlalu kwalokhu okuyisikhombisa sekwenzakele, eminyakeni engamatshumi amathathu lantathu. Nanku lapha esikhona, siphindela esikhathini sokuphetha!

⁵⁸ Futhi ngakhuluma ngimelana lohlelo lwenhlanganiso khonale. Futhi ngisakholwa, lobubusuku, ukuthi, lokho lichibi lengcekeza, ukuthi yindawo lapho ingcekeza igijimela khona. Angikholwa ukuthi uNkulunkulu engathatha into enjangaleyo ebandleni Lakhe, ngoba kumele kuzalwe ngoMoya kaNkulunkulu futhi kuhlanzwe phambi kokubizwa ngokuthi ngokwakhe. UMzimba kaKhristu ofihlakeleyo, sibhaphathizelwe Kuwo ngokubhaphathizwa kukaMoya oNgcwele.

⁵⁹ Yebo, loluhlelo lwetanka yamanzi ingumzekeliso ophелеleyo wenhlanganiso. Umuntu ohlakaniphileyo kumele akhangele, futhi angangeni kukho, ngoba uNkulunkulu ukutshengisile ngezizukulwane ukuthi Uyaphikisana lakho futhi akazange wasebenza lakho. Loba yiliphi iqembu. . . Loba yisiphi isikhathi umuntu ephakama lombiko, njengoLuther, uWesley, kumbe kusiyaphambili, loSmith, loCalvin, futhi labo, lapho beqala inhlanganiso, uNkulunkulu wayibeka leyonto ethaleni futhi kazange akuvakatshele njalo ekuvuselelweni.

⁶⁰ Khangela embalini. Akuzange kube lesikhathi lapho uNkulunkulu athatha khona inhlanganiso, wayenza imvuselelo kuyo, ayikho ndawo. Ngakho, embalini futhi ngeBhayibhili, kuyatshengisa ukuthi yinto engcolileyo emehlweni kaNkulunkulu, ngakho angifuni lutho lokwenza

lakho. Futhi yikho ngiphikisana lakho. Ngiyazama ukuthatha abantu bephume kukho.

⁶¹ Simenyiwe, njengakoIsrayeli, ngakho kunjalo khathesi, ukukhangela uIsrayeli njengemizekeliso. Bona, ingqe bahlala lalowoMthombo, babelungile. Kodwa bathe sebefika ekulungiseni amatanka amanzi, inhlelo ezenziwe ngumuntu, ngakho uNkulunkulu wabatshiya khonapho. Uzakwenza okufanayo kithi. “Sebemtshiyile Yena, uMthombo waManzi aphilayo.” Lokho kwakuyikukhonona uNkulunkulu ayelakho kubo. “Ukwenza olunye ulutho ababengathi, ‘Uyabo esesikwenzile!’”

⁶² Manje, lapho esikhathini soku—sokuhamba kukaMose; lapho uNkulunkulu, ngomusa, wabanikeza umprofethi, wabanikeza iNsika yoMlilo ukuthi ihambe phambi kwabo, Wakuqinisa ngezibonakaliso lezimanga. Umusa wawunikeze zonke lezizinto. UIsrayeli wayelokhu efuna, wabona umthetho. Bayala umusa, ukuthatha umthetho.

Yikho okwenziwa ngabantu lamhlanje. Bayala iLizwi, ukuthatha uhlelo lwenhlanganiso, ngoba kulokho bengayenza abakufunayo futhi kungabi lalutho olwenzakalayo kibo. Kodwa ngeke ukwenze kuKhristu! Kumele ubuye uhlambulukile futhi ucacile, ukuze ube kuKhristu.

⁶³ Ukutshiya umthombo ontshazayo, usiya kuhlelo olwenzwe ngumuntu kumbe itanka lamanzi, ungakucabanga omunye esenza lokho? Ungacabanga isimo sengqondo yomuntu onganatha emthonjeni ontshazayo omuhle, awutshiye esiya etankeni lamanzi elenziwe ngumuntu olamaxoxo, lempankwa, laboshobishobi, futhi lakho konke phakathi?

Akukhanyi ngitsho kuphelele kulungile, kodwa yikho abantu asebekwenzile. Sebetshiye iLizwi, uMthombo weqiniso wendlela laMandla kaNkulunkulu, ukuyanatha ematankeni amanzi, futhi bazenzele amatanka amanzi. Ngokufanayo njengabakwenza le, sebekwenzile khathesi. Bathi . . .

Wathi, “Bangitshiyile Mina.” Lapha Wathi, lapha kuJeremiya 2:14, kumbe 13, kulalokho. Yena wathi, “Bangitshiyile Mina, uMthombo waManzi aphilayo.”

⁶⁴ Manje, siyabona ukuthi itanka lamanzi kuyini. Siyabona ukuthi libambani. Siyabona ukuthi lenziwa njani. Yinto eyenziwe ngumuntu esuka ophahleni olungcolileyo. Amanzi ayehla phansi, atshaya uphahla olungcolileyo, futhi kuyagezisa uphahla, ageleze phansi esitsheni sokukhongozela esenziwe ngumuntu, aphume ngephayiphi elenziwe ngumuntu, angene etankeni elenziwe ngumuntu. Futhi yonke ingcekeza iyabuthana lapho, futhi ama—amajemusi, futhi lempankwa, lamaxoxo, lezinto zomhlabathi, ngokunjalo. Futhi, nanzelela, zinyamazana ezingcolileyo; oshobishobi, amanzi amileyo. Oshobishobi

ngeke bahlale emanzini acwebekileyo. Nxa ungakwenza, kungawubulala. Kumele abe lapho okungageleziyo.

⁶⁵ Futhi yikho okuyindlela ngamagcikwane amanengi lawa lamhlanje. Awakwanisi ukuphila emanzini ahlanzekileyo kaMoya oNgcwele. Yiso isizatho bephikisana leLizwi kalukhuni, futhi bathi, “Liyaziphikisa Lona. Akulalutho kuKho.” Kungenxa yokuthi kumele babelohlobo lwesiziba esingageleziyo ukuba banyakaze phakathi kwaso. Kunjalo.

Yiyo indlela efanayo lamaxoxo, lempankwa, lamaxoxwana, futhi lokunjalo. Kumele kungene exhaphozini kumbe esizibeni esingageleziyo, ukuze kuphile, ngoba yimvelo yakho ukuphila lapho. Futhi ungeke uguqule inyamazana uze uguqule imvelo yayo.

Futhi ungeke wenze umuntu abone iLizwi likaNkulunkulu imvelo yakhe ize iguquke; futhi lapho imvelo nxa isiguquliwe kulokhu ayikho khona, abe yindodana kaNkulunkulu, futhi uMoya oNgcwele ungene kuye. UMoya oNgcwele waloba iLizwi likaNkulunkulu!

⁶⁶ Lamuhla bengikhuluma lomngane wami omuhle, uDokotela Lee Vayle, okhona khathesi. Futhi uyisazi semfundiso yenkolo, futhi ngakho sivame ukuba le—lengxoxo enhle ngoMbhalo. Ukhaliphile kakhulu.

Futhi wangibuza ngolunye usuku ukuthi ngicabangani mayelana ngesiboniso sokuqala sokuba loMoya oNgcwele, “Kwakuyikukhuluma ngendimi na?” Sekuyiminyaka emineni edlulayo.

Ngathi, “Hatshi; angikuboni lokho.”

Wathi, “Ngitsho lami,” wathi, “loba ngafundiswa lokho.” Yena wathi, “Ucabanga ukuthi isiboniso yikuyini?”

⁶⁷ Ngathi, “Isiboniso esipheleleyo engingasicabanga luthando.” Futhi ngakho sasesixoxa ngalokho.

Futhike ngacabanga ukuthi lokho kwakuzwakala kuhle ngakho ngakubamba lokho, “Nxa umuntu elothando.”

Kodwa ngolunye usuku iNkosi, ngombono, yangiqondisa. Futhi Yena wathi, lokho, “Isiboniso sokuthi uloMoya yilabo abamukela iLizwi,” hatshi uthando, kumbe ukukhuluma ngendimi, kodwa yikwamukela iLizwi.

⁶⁸ Futhike uDokotela Vayle wayesithi kimi, ukuthi, “KuseMbhaweni,” wathi, “ngoba, kuJohane 14, uJesu wathi, ‘Nxa Yena uMoya oNgcwele esebuyile phezu kwenu, Uzakwambula lezizinto kini, eNgilifundise zona, futhi uzalitshengisa izinto ezizayo.’”

Ngakho nanso isiboniso seqiniso sikaMoya oNgcwele! Akakaze angitshela into ephambukileyo kuze kube manje.

Lokho, “Kuyisiboniso sokuba loMoya oNgcwele, ngulowo ongakholwa iLizwi.” Ungawamukela Khona.

Ngoba, uJesu kazange athi, “Lapho uMoya oNgcwele nxa esebuyile, lizakhuluma ngendimi.” Kazange athi, uMoya oNgcwele esebuyile, lizakwenza okunye kwalezozinto. Kodwa Yena wathi, “Uzathatha lezi izinto Zami futhi alitshengise zona, futhi alitshengise izinto ezizakuza.” Ngakho nanso isiboniso esiqotho sokuba loMoya oNgcwele, ngokutsho kukaJesu ngoKwakhe.

⁶⁹ Ngakho yonke imizwa le lezinto abantu abalazo futhi bephila kuzo, uyabona kungani bekwenza. Bona, kuba yinhlanganiso, kumbe isiziba esingageleziyo, futhi akusoze kube lenhlanganiso ezakwenziwa phezu kwe- . . . iLizwi elipheleleyo likaNkulunkulu. Ngeke ukwenze, ngoba ngeke uhlanganise kumbe wenze uNkulunkulu inhlanganiso. Hatshi, mnumzane!

⁷⁰ Isizatho kuyikho, uyathola ixuku labantu abangakholwa iLizwi, bayekele baqale inhlanganiso. Into yokuqala uyazi, ngesikhathi umnyaka uphela sokuxuku laboRicky lapho ongeke wenza lutho ngabo. Yibo ababusayo, futhi ungeke wenze lutho ngakho. Akusihlelo lukaNkulunkulu. Akusilo, ngakho thina siyakwazi ukuthi leyonto iphandle. Kuba litanka, futhi kuba yindawo lapho munye ngamunye uyekethisa ku*lokhu*, ku*khuya*, kumbe *okunye*, ukuthola amalunga phakathi lapho, kumbe ukuyekela abantu bangene.

⁷¹ Sithola ukuthi, loluhlelo lwaqala ngesinye isikhathi, emuva ngensuku zamaIsrayeli, lapho belungisa lawa amatanka. Futhi kwakulendoda futhi lexuku lamaFarisi ababelungise amatanka. Futhi babelendoda ebizwa ngokuthi uHerodi, futhi wayengu sigobamthetho, umbusi wezwe.

Futhi weza ukuzokuzwa indoda eyayingadlali ngenhlanganiso zabo. Wayengumprofethi. Futhi akula mprofethi owaba lokokwenza lenhlanganiso, kodwa wayizonda. Lumprofethi waqala ukuthi, “Lingaqali ukuthi phakathi kwenu, ‘Silo Abrahamu ongubaba wethu,’ ngoba ngiyalitshela ukuthi uNkulunkulu uyenelisa ngalamatshe ukuvusela abantwana uAbrahamu.”

⁷² Futhi baletha ohloniphekayo ukuzomuzwa. Futhi lo ohloniphekayo wayethathele umfowabo umkakhe, futhi watshada laye. Futhi kuyini lowondoda ahamba waktsho ebusweni bakhe? Babecabanga ukuthi uzayekethisa, futhi athi, “Khathesi, mnumzane, wena, wena ulesihlalo esihle *lapha*. Futhi kufanele u . . . Ngiyathokoza ukuthi ulapha ukuzongilalela lamhlanje.”

UJohane wahamba nje ebusweni bakhe, futhi wathi, “Akukho emthethweni ukuthi wena umthathe.” Into yokuqala ayitshoyo, wamkhalimela ngezono zakhe.

⁷³ Bona, inhlanganiso zenza iziziba ezingageleziyo lapho indoda ingahlala labafazi, futhi labafazi baqhubeke besenza abakufunayo, futhi bagele inwele zabo, futhi bagqoke okabhudula, futhi lakho konke, futhi bazibize ngokuthi ngamaKhristu.

Kodwa uMthombo weqiniso, haleluya, waMandla kaNkulunkulu, kungeke kuhlale lapho, ngoba Kuyakhuphela phandle. “NginguMthombo waManzi aphilayo. Bangitshiyile Mina, ukuyazigebhela amatanka.”

⁷⁴ Manje, umthombo wamanzi aphilayo, siyathola, kuyini umthombo wamanzi aphilayo? Siyathola ukuthi itanka liyini, manje uyini umthombo wamanzi aphilayo? Ngumthombo ontshazayo.

“Umthombo ontshazayo, kuyini lokho, Mfowethu Branham?”

Kungumthombo ohlala uphuma kusuka phansi futhi untshazele amanzi phandle. Uyageleza isikhathi sonke. Uyazisekela. Uhlezi umuhle futhi uhlanzekile, umthombo ontshazayo, umthombo wamanzi aphilayo. Kawufanga futhi kawumanga ndawonye. Uyaphila, uhlezi uguquka, uletha okunye okutsha isikhathi sonke, uqhubekelela phambili, usuka emithanjeni yawo. Kudonsa okukuphayo kusukela—kusukela phansi, okuyi... okulokhu kungumthombo wamanzi aphilayo untshazela phezulu. Uyazihlanza; uhlanzekile, ucwebekile, amanzi angelangekeza. Uyaziphumisela amanzi; awulindeli izulu ukugcwalisa itanka lawo. Uhlezi uxhaphazela, upha amanzi ngesihle. Awudingi ukuwapompa, ukuwubhodisa, ukuwuthandela, kumbe ukuwuxhuma. Kungumthombo wamanzi aphilayo.

⁷⁵ Uyazi, ungathatha amatanka la amadala, kumele ulimpompe futhi ulimpompe futhi ulimpompe futhi, futhi ukotshoze futhi konke, ukususa okuncane kwamanzi amileyo. Huh!

Kodwa uMthombo waManzi aphilayo uyakunikeza Khona, ngesihle, ungakotshozanga, ungajoyinanga, loba yini enye. O, ngiyawujabulela lowoMthombo! Yebo, mnumzane!

⁷⁶ Awudingi sefa Kuwo, ukukhuphela phandle izibungwana. Ngoba, Kuyehla phansi okujulileyo, okuleDwala, kuze kuswelakale izibungwana lapho.

Akula sichibi semfundo esilenga Kuwo, kulungile lokho, olunye uhlelo olwenzwe ngumhlaba ekukhalipheni kwenhlanganiso eyenzwe ngumuntu; ukukutshela, phambi kukadokotela wengqondo, ukuthi uyenelisa ukutshumayela kumbe hatshi. Awula okunye kwezichibi ezingcolileyo ezilenga Kuwo. Kuyakufuqela kude lapho ukufaka lapho. Ngeke ukwenze. Lowo mthombo uyaxhaphazela, isikhathi sonke. Ungafaka okunye kwezichibi kuwo, kuyakuphosela

kukukhuphe ngolunye uhlangothi kumbe olunye. Awulasikhathi sesichibi senhlanganiso kukho.

⁷⁷ Awudingi isihluzo, hatshi isefa, hatshi ukupompa, hatshi ukuhluthuna, hatshi olunye ulutho. Ukhona nje lapho, uxhaphazela. Awudingi ukumelela izulu elina kuleyo ndawo ukuthi ugcwale. *Izulu* yi “mvuselelo,” lapho lowo Mthombo... Kulapho eMthonjeni weMpilo. “Lapho okulo Mzimba, ingqungqulu ziyabuthana.” Awudingi ukupompa imvuselelo; awudingi ukupompa ulutho. Kuphela into okumele uyenze yikubuya eMthonjeni. Uhleli ugcwele amahle, amanzi ahlanzekileyo, futhi akula kuphela Kukho. Kuhlala kuxhaphazela.

⁷⁸ Awudingi ukuya etankeni, futhi uthi, “Yebo, nxa lingana ligeze isibaya, sizakuba lokokunatha.” Bona? Minabo, minabo! Hatshi lokhu. Lowomthombo ontshazayo untshaza amahle, amanzi aqandayo isikhathi sonke. Ungathembela kuwo. Awudingi ukuthi uthi, “Awu, ngizahamba kuleli tanka lamanzi elidala. Sasijwayele ukunatha kulo, kodwa sekuyisikhathi eside lingananga. Ngiyakutshela, ungabe uwomile.”

⁷⁹ Yiyo indlela ezinye zalezinhlelo ezenzwe ngabantu eziyizo. Ungangena phakathi, nxa ulento enkulu eyenzakalayo, iqembu elikhulu labahlamuki lokuthengisa ulutho, kumbe—kumbe okunye okuqhubekayo, imicimbi emikhulu futhi lezinto zihamba, imidlalo yamakhasi, futhi lemicimbi endlini yaphansi, lakho konke, ungathola indlu egcweleyo.

Kodwa lapho ungaya khona eMthonjeni uyaxhaphaza, isikhathi sonke, abantu bakhona lapho bathola amahle, amanzi okunatha aqandelelayo. Ungathembela Kuwo! Uthi, “Abakaze babe lemvuselelo eminyakeni elitshumi.” Nxa uphila ngalowo Mthombo, Uhleli ulemvuselelo ehambayo.

⁸⁰ Njengokwakhulunywa ngeyinye indoda encane eye Wales. Kumbe, ngesinye isikhathi belemvuselelo yeWelsh iqhubeka, kwakulabahlonitshwa abe States. Abanye balaba oDokotela bezeNkolo abakhulu bahamba eWales, ukuyafumana ukuthi ngaphi futhi lokuthi kwaku mayelana ngani. Ngakho babelamakhola abo aphenulelweyo, futhi lengowane zabo, futhi behamba besehla esitaladini.

Futhi lapha kwabuya ipholisa elicane, libhodisa isagila esidala sika billy esandleni, litshaya umlozwi, “Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami wafa, phansi le ukuhlanzwa kwezono zami ngakukhalela; lapho enhliziyweni yami iGazi labekwa, inkazimulo eBizweni Lakhe,” ehamba esehla isitaladi.

Ngakho bathi, “Lo ungani ngumuntu wenkolo. Sizakuyambuza.” Futhi bathi, “Mnumzane!”

Wathi, “Yebo, mnumzane?”

Wathi, “Sivela eUnited States. Siyizithunywa. Sibuye lapha ukuzohlola imvuselelo yamaWelsh, njengokutshiwoyo. singaboDokotela beNkolo, futhi silapha ukuzokukhangela.” Wathi, “Sifuna ukwazi ukuthi imvuselelo ingaphi, futhi yenzelwa ngaphi.”

Wathi, “Mnumzane, usufikile. Yimi imvuselelo yamaWelsh.” Amen! “Imvuselelo yamaWelsh iphakathi kwami. Yikho lapha ekhona.”

⁸¹ Yiyo indlela okuyiyo nxa uphila ngalowoMthombo waManzi aphilayo. Uyaphila isikhathi sonke, exhaphazela njalo futhi njalo, futhi njalo futhi njalo. Akulasiphetho Kuwo. Hatshi, “Hamba uyebona nxa amanye amanzi, nxa ngabe besilezulu lapha kumbe hatshi isikhathi eside,” akusikho lokho. Yilowo Mthombo waManzi aphilayo. Njengoba ngisitsho, Unikeza aManzi Awo ngesihle.

⁸² Awudingi kufaka izichibi Kuwo, ukufumana; izichibi zemfundo, ungakamthumeli ukuthi ayetshumayela, futhi ubone nxa ebiza amabizo kahle, ukhuluma kahle, uma esebenzisa amabizo akhe lezabizwana, futhi lokunjalo, futhi leziphawulo. Inengi labo alazi ngitsho ukuthi kuyini, kodwa uphila eMthonjeni nje okufanyo, bona, okufanayo.

⁸³ Akumelanga uthembele izulu elinayo kuleyo ndawo, ukugcwaliswa, kumbe imvuselelo kuleyo ndawo, ukwenzela wona. Akudingi ukuthi wenze lokho, ngoba amandla awo futhi lokuhlanzeka kwawo kuphakathi kwawo. Yikho lapho iLizwi elikhona, aMandla Alo Ngokwalo! Nxa umuntu engakwemukela Khona enhliziyweni yakhe, Kulokuhlanzeka Kwakho. Kulamandla Akho. KuseLizwini Ngokwalo, kuphumisa iMpilo.

⁸⁴ UIsrayeli wayesuka Kuwo, babengena enkingeni. Isikhathi sonke besuka Kuwo, babengena enkingeni.

Okufana lesikwenza manje. Nxa imvuselelo isuka kuLokho, ngakho akukuhle. Kuyazigebhela imithombo, futhi, kumbe amatanka angageleziyo, futhi nanko kuhamba.

⁸⁵ Kodwa wayehleli ebancedisa. Ukukhonona eLwandle oluBomvu, njalo lapho bekhonona...Kodwa, kukho konke lokho, Wayebathembisile, wabenzela isithembiso. Kwakumele abaphindisele muva khonapho, ngendlela esingakhangelana ngayo; kodwa wabathembisa ukubathatha lapho.

Wenzani Yena? Bona abantwana bakoIsrayeli, Wabanikeza iNsika yoMlilo futhi lento yonke, ukuba yisiqiniso, umprofethi wabo. Futhi babakhokhela phandle le elwandle. Futhi, izikhathi zonke, kulohlupho ukumelana Lakh. Futhi nangu uFaro esiza lempi yakhe. Futhi liyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani? Wavula nje leyo ebomvu, itanka yamanzi amileyo.

ULwandle Olufileyo yinto efileyo emhlabeni. Lufile ngempela. Alugelezi. Akulanto engaphila kulo.

Futhi Waluvula futhi wabakhulula, kolunye uhlangothi. Wabathatha wabasa lapho ababengeke babotshwe yinto ezinjengalezo.

⁸⁶ Enkangala, bathola ukuthi amatanka ayengeke athenjwe; ayewomile. Bafumana, basuka kumgodi wamanzi besiya komunye. Lapho besenkangala, babesifa ngendlala, ukuthola amanzi okunatha. Futhi babehamba besiya kutanka leli lapha, ichibi; laliwomile. Bahamba kwenye indawo; yayomile. Babenga cabangi ukuthi bazathola okokunatha.

Futhike endaweni engelakwenzeka enkangala, bathola amanzi. Kwakusedwaleni. Kwakusedwaleni. Indawo engelakwenzeka ukuthi umuntu angathola amanzi, kungabasedwaleni elomileyo phakathi laphakathi kwenkangala. Kodwa, uyabona, uNkulunkulu wenza izinto kanjalo. Endaweni engelakwenzeka, ngendlela engajwayelekile. Yikho lokho ebesihleli silakho.

⁸⁷ Bacabanga ukuthi kumele ube lenhlanganiso ezinkulu, ndawonye, futhi ubayekele baze futhi bahamba hambe, futhi lokunjalo, futhi bathole izinkulungwane ukusebenza labo, futhi *lokunje*, ukuba lemvuselelo.

Esinye isikhathi uNkulunkulu uthatha umuntu omncane omdala ongazi ngitsho oABC, bakhe futhi phakathi exukwini labantu abangayenelisi ukufunda abangaziyo ukwahlukanisa isandla sokudla kwesokhohlo, Engavusa imvuselelo enganyakaza umhlaba. Wakwenza ngesikhathi sikaJohane. Wakwenza esikhathini sabaprofethi. Ngitsho lomunye wabo, njengokwazi kwethu, owayefundile, kodwa uNkulunkulu wayebabamba futhi enze ulutho ngabo.

⁸⁸ Kuleli Dwala kwaphuma amanzi. WayeliDwala. Futhi walaya leliDwala, futhi kumele litshaywe. Futhi wanikeza ngobunengi amahle, amatsha, ahlanzekileyo amanzi kumuntu wonke onganatha. Wasindisa bonke ababenganatha kuLo. Ukuhambisana okupheleleyo loJohane 3:16.

...UNkulunkulu wathanda umhlaba kangaka, waze wanikela iNdodana yakhe ezelwe eyodwa, ...loba ngubani okholwa kuye akayikubhubha, kodwa abe lempilo elaphakade,

⁸⁹ UNkulunkulu watshaya lelo Dwala, eKhalvari. Ukwahlulelwa kwethu kwakuphezu Kwakhe, ukuthi Ngaye kungeza uMoya weMpilo ongakunikeza wena futhi lami iMpilo elaPhakade. Lokho ngumfanekiso opheleleyo Wakho, lapho enkangala.

⁹⁰ Abazange badinge ukudonsa, ukugebha, ukupompa, kumbe okunye; hlanganyela nje indlela Yakhe enikeziweyo, ukhululekile. Lapho, babengadingi ukukugebha echibini. Babengadingi ukudonsa ngebhakede. Babengadingi

okokubhodisa ukukha ngakho. Babemele nje bahlanganyele kukho.

